IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

IBandla Lihlangabezana Nezinkinga

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2023 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Ezinsukwini ezingamashumi amahlanu ngemva kokuba iNdodana kaNkulunkulu uJesu evukile kwabafileyo, uMoya oNgcwele weza waphila phakathi kwabalandeli Bakhe.



Nakuba abafundi babengaqondi ukuthi uNkulunkulu uBaba, uNkulunkulu iNdodana (uJesu) kanye noNkulunkulu uMoya oNgcwele bonke bangaba uNkulunkulu oyedwa, babekujabulela ukuba noNkulunkulu nabo. UNkulunkulu wenza izinto ezimangalisayo ukuze asize abaphostoli batshele abanye ngoJesu.

Abantu abakholwa kuJesu babelana ngakho konke ababenakho ukuze abampofu banakekelwe. Kodwa omunye umbhangqwana okuthiwa u-Ananiya noSafira wawungathembeki. Bathengisa indawo ethile futhi benza sengathi balethe yonke imali kubaphostoli. Ngokuyimfihlo, babezigcinele okunye.



“Kungani uSathane egcwalise inhliziyo yakho ukuze uqambe amanga kuMoya oNgcwele...?”

UPetru wabuza u-Ananiya. “Awuqambanga amanga kubantu kepha kuNkulunkulu.” Khona-ke u-Ananiya wawa futhi wafa. Izinsizwa zamsonga, zamkhiphela phandle, zammbela.

Ngemva kwesikhashana, kwangena uSafira, engazi ukuthi umyeni wakhe ushonile. Waqamba amanga nangemali - futhi kwenzeka okufanayo nakuye. Ukwesaba okukhulu kwehlela phezu kwabo bonke abezwa lezizinto.



UNkulunkulu uMoya oNgcwele wenza izibonakaliso nezimangaliso eziningi ngabaphostoli. Ngokwesibonelo, abantu abagulayo baphulukiswa lapho

isithunzi sikaPetru siwela phezu kwabo.

Kwakuyisikhathi sezimangaliso ezinkulu, ezibonisa ubukhona bukaNkulunkulu. Abantu abaningi ngokwengeziwe bakholwa kuJesu.

Lokhu kwamthukuthelisa kakhulu uMpristi Ophakeme. Wafaka abaphostoli ejele!



Kepha ebusuku ingelosi yeNkosi yavula iminyango yetilongo, yabakhipha, yathi: "Hambani niye ethempelini, nikhulume kubantu amazwi onke alokhu kuphila." Abaphostoli baphuma baqala ukushumayela ngoJesu. Ekuseni, amadoda oMpristi Omkhulu athola ijele lingenalutho.

Lapho ekugcineni ebathola, umPristi Omkhulu wabathethisa abaphostoli. "Asiniyalanga nokuniyala ukuba ningafundisi ngaleliGama na?" "Sifanele ukulalela uNkulunkulu kunabantu," kuphendula uPetru nabanye abaphostoli. UmPristi Ophakeme wathukuthela waze wafuna ukubabulala abaphostoli.

Kunalokho, wayala ukuba bashaywe futhi bakhululwe.

Naphezu kobuhlungu ababebuzwa, abaphostoli balalela uNkulunkulu futhi baqhubeka beshumayela ngoJesu.

Ngolunye usuku indoda okuthiwa uStefanu yaboshwa. UStefanu wayeyithanda iNkosi uJesu. UMoya oNgcwele wawusebenzisa yena ukutshela abanye ngoJesu. Amanye amadoda aqamba amanga, ethi uStefanu wayekhuluma kabi ngoNkulunkulu. Ngemva kwecala elihlekisayo, uStefanu wakhandwa ngamatshe waze wafa ngenxa yokholo lwakhe kuJesu.

Engakafi, uStefanu egcwele uMoya oNgcwele, waggolozela ezulwini, wabona inkazimulo kaNkulunkulu noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Isixuku samkhanda ngamatshe uStefanu lapho ebiza uNkulunkulu ethi: "Nkosi Jesu, yamukela umoya wami."

Khona-ke, njengoJesu
esiphambanweni, lendoda
enesibindi yasebenzisa
umoya wayo wokufa
ukuze ithandazele
ukuba
uNkulunkulu
athethelele
ababulali bayo.



Ukufa kukaStefanu kwaqala igagasi elisha loshushiso. Insizwa okuthiwa uSawulu, eyayisize ababulali bakaStefanu, yabopha wonke amaKristu eyayiwathola. Abaningi babo babaleka ezindlini zabo futhi bahlakazeka kulo lonke elaseJudiya neSamariya. Abaphostoli kuphela abasala eJerusalema.

Nakuba izitha zabo zazizama ukubabulala, labo ababehlakazekile baya yonke indawo beshumayela izindaba ezinhle ngoJesu. Akukho okwakungavimba abalandeli bakaJesu - ngoba uMoya oNgcwele kaNkulunkulu wawuhlala kubo futhi usebenza ngabo.

IBandla Lihlangabezana Nezinkinga

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

IZenzo 5-7

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16